**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULA NGOKOMTHETHO AMAHHOVISI EBHODI EMPANGENI MHLAKA 28 OCTOBER 2014.**

Mphathi wohlelo;
IMeya woMkhandlu wasoThungulu, Cllr Mchunu;
IMeya yaseMhlathuze, Cllr Mbatha;
USihlalo weSantaco eKZN, Boy Zondi;
Ubuholi beKwaZulu-Natal Bus Council (KWANABUCO);
South African Bus Operators Association (SABOA);
Ama-Taxi Association kwi-region yaseMpangeni ne-Ladysmith;
Abamele ama-Public Transport Passengers Associations;
Abezinhlaka zezomthetho;
Abezindaba;
Ngiyanibingelela nonke.

Ngisukuma nokubonga mphathi wohlelo ukuthi nonke ngobuningi benu njengoba nikhona nikwazile ukuphumelela ukuba yingxenye yalo mcimbi.

Lo mcimbi uyingqophamlando ngoba usho ukuqiniswa kokubambisana phakathi kwethu nemboni yezokuthutha.

Okusijabulisa kakhulu ukuthi konke lokhu okwenzekayo kungumphumela wokubambisana phakathi kwethu njengoHulumeni nani njengosomabhizinisi abathutha umphakathi.

Yingakho namuhla sizokwethula umsebenzi omkhulu kangaka wokuvulwa kwamahhovisi azophuthumisa izicelo futhi akhiphe nezimvume zokusebenza kwezithuthi zenu ezithutha umphakathi.

Abamatekisi bazokhumbula ukuthi okunye esavumelana ngakho kwi-Provincial Taxi Indaba eThekwini ngo-September 2012, eThekwini, kwaba ngukusabalalisa

amahhovisi ebhodi ngokwezifunda ezahlukene ukuze kube lula ukufinyelela kunina enithutha umphakathi ngezithuthi ezinhlobonhlobo.

Lokhu kufakazela khona ukuthi uma sibambe izingqungquthela kusuke kungezona nje izinkundla zokuxoxa bese kuphela kanjalo kodwa sithatha izinqumo bese sakha isiqiniseko sokuthi ziyenzeka.

Nangenkathi sethula isabelo-mali sika-2013/2014 esiShayamthetho saphinda sakumemezela ukuthi lolu sekuzoba wuhlelo lwethu njengomNyango.

Ngakho-ke kube ngukuvumelana kwethu sonke ukuthi i-Provincial Regulatory Entity (PRE), njengoba ibhodi selazilwa kanjalo, kumele imisebenzi yayo isabalaliswe nezifunda zonke njengoba ibilokhu izinze eMgungundlovu kuphela.

Lokhu kuzosiza nokuthi kunciphe ukukhombana okuhlale kuba khona njalo phakathi kukaHulumeni nabezithuthi zomphakathi mayelana nokungasheshi kokukhishwa kwezimvume.

Ngakho lolu hlelo luwukulethwa kukaHulumeni nemisebenzi yakhe eduze kwabantu, lapho bekhona.

Siyazazi izinkinga ebezibuye zibe khona ngama-systems kazwelonke, esithi i-Operating License Administration System (OLAS) ne-Registration Administration System (RAS), abesetshenziswa ukukhipha izimvume. Abehlale eba off-line abanikazi bezimoto kudingeke behle benyuka bezama ukuthola usizo ngezicelo zamalayisensi amasha.

Ngakho ke sethemba ukuthi njengoba sithathe leli gqathu sethemba ukuthi umthwalo uzokwazi ukwehla emahlombe enu futhi nakuthina sibona ukuthi ingcindezi izosuka.

Baqashwa ngo-2012 laba abanikwa umsebenzi wokubhekana nokwakha lolu hlelo olusha futhi kwavunyelwana ngokuthi kwakhiwe ama - Standard Operating Procedures (SOP’s) ahambisana nomthetho i-National Land Transport Act no 5 of 2009.

Nokho kube khona ukubambezeka njengoba nalo lolu hlelo olusha beluhlelwa ukuthi luqinisekise ukuthi lusebenza ngendlela eyiyo futhi lungabi nezihibe.

Bekubalulekile ukuthi kulolu hlelo olusha esilwethulayo namhlanje siqikelele ukuthi konke okwenziwayo khona kwenziwa ngokuphepha, kungabi nabantu abangena bathole izinto ngokungemthetho.

Okusho ukuthi bonke abantu abasebenza kulolu hlelo sizokwazi ukulandelela ukuthi ubani owenzeni ngasiphi isikhathi – ngakho kusho ukuthi awukho upotso wenkohlakalo nokukhwabanisa.

Sibe sesihlonza izindawo ezinhlanu esizozisebenzisa ukusabalalisa imisebenzi yebhodi ezifundeni ezahlukene.

- IJozini
- Vryheid
- Ladysmith
- Mpangeni
- Port Shepstone.

Isigaba sokuqala, esithi i-pilot, siqalise lapha eMpangeni naseMnambithi. Ngaphansi kweMpangeni sibhekele izindawo zaseMkhanyakude, Uthungulu nezingxenye zaseZululand kuhlanganisa Ulundi, Nongoma noPhongolo.

Ngaphansi koMnambithi kukhona izindawo zasoThukela, eMajuba, eMzinyathi nengxenye yeZululand kuhlanganisa iVryheid.

Siqalile ukusebenza kula mahhovisi amabili eMpangeni naseMnambithi ngomhlaka 10 kule nyanga ka-October. Amasonto amabili okuqala akhombise ukusebenza ngempumelelo enkulu kula mahhovisi.

Sikholwa ukuthi lamahhovisi azosisiza nasekutheni kube nozinzo, ikakhulukazi embonini yamatekisi ngoba esikhathini esiningi izinkinga zisuswa wukungacaci kokuthi ngubani osebenza ngokomthetho.

Bese kuba khona noskhwili phambana abathatha amashansi, bafake izimoto ngokungemthetho. Konke lokhu kuzophela manje.

Uma ubheka nje ukuthi isifundazwe sonke sinososeshini abantu-246 futhi siyabonga ukuthi iningi labo likhombisa uzinzo futhi selifundile ukuthi izinkinga ziyalungiseka ngaphandle kokuchitheka kwegazi.

Yilo leli siko esifisa ukuthi lisabalale kuyona yonke imboni ukuze imboni yamatekisi nokuthuthwa komphakathi ibe nokuthula futhi isebenzele abantu ngobuqotho.

Lokhu kuyimizamo yethu yokuthi sikwazi ukunqanda izigameko zodlame kanye nokubulawa kwabantu embonini yamatekisi.

Kumanje bambalwa ososeshini abazenkinga futhi iningi labo, bangaphansi kwesifunda iLembe, iseLindelani, iseNtuzuma/ Pieseng kanye naseNewcastle.

Nokho kuzona lezi zindawo, isimo asisafani kodwa sizoqhubeka nokungenelela nokuhlanganisa izinhlaka ezahlukene ukuze kube khona ukuthula.

Ngiyafisa nokusho ukuthi emizwamweni yethu yokuqinisa ukuthula kule mboni, sesiqale uhlelo esivumelene nalo ne-Santaco, olubizwa nge-Cooperation Agreement.

Lesi sivumelwane sisisayina nososeshini abanezinkinga ngenhloso yokulungisa indlela abasebenza ngayo.

Phakathi kwezinto lesi sivumelana esiziqukuthe:

- Ukuqeda izinkabi
- Ukucubungula amabhuku nokuqoqwa kwezimali
- Ukucubungula imininingwane yobulungu
- Ukufuna izivimbelo zenkantolo ukuvimba abasebenza ngokungemthetho
- Izinkampani zonogada sifuna zisebenzisane namaphoyisa

Sinethemba futhi ukuthi sizowavula awaseJozini, ePort Shepstone naseVryheid amahhovisi amasha ungakapheli lo nyaka wezimali njengoba sesikwazile ukuhlonza izindawo zokwenza amahhovisi.

Njengoba ngike ngasho ekuqaleni, konke kuzoba yimpumelelo uma sonke sisebenza ngokubambisana.

Uma sonke silandela imithetho yezimvume zethu zokuthutha, kuthi abangenazo bakwazi ukulinda, alukho udlame olungalokhu lubonakala emarenki ethu.

Sifisa ukuthi njengoba siqala izinhlelo zokuphuthumisa izinqumo ezithathwa kwi-Taxi Indaba sonke sibambisane ukuze siphucuze imboni yokuthuthwa komphakathi.

Ngalawo amazwi sithi siyabonga ukubambisana nani ukuze lo mcimbi ube yimpumelelo. Sengathi singaqinisa nomkhankaso wokuphepha emgwaqeni ukuze izithuthi zibe ngezokuthuthukisa amabhizinisi ethu hhayi ukubhubhisa isizwe.

**Ngiyabonga**